



## Invest in your children!

**We all have hopes and dreams for our children – that they will live happy, healthy and successful lives. And we know that achieving these dreams takes effort on our part.**

The wisest investment we can make in our children is to give them our time – to listen to them, to talk together and to do things together. All of these things happen quite naturally when we spend even a short time each day telling and reading stories together. When we share stories with children, we help to expand their world and we build a firm foundation for their futures. How about investing in your children in some of these ways?

- ☺ **Read in their mother-tongue.** Reading stories in your mother-tongue makes reading easier and more enjoyable. Try our growing collection of stories in a range of South African languages on the Nalibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) or mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)).
- ☺ **Read what they love.** For children to love reading, and to want to read every day, they need to enjoy what they are reading! Some children may like real-life stories while others like fantasy. In fact, developing an interest in reading particular types of books is a sign that your child is maturing as a reader. So, whatever sparks their interest, let them read it!

## Tshala ezinganeni zakho!

**Sonke sinamathemba namaphupho ngezingane zethu – ukuthi zizophila izimpilo ezinenjabulo, ezinempilo enhle, nempumelelo. Kanti futhi siyazi ukuthi ukuze uzuze la maphupho kumele uzame kakhulu.**

Ukutshala ngokuhlakanipha okukhulu esingakwenzela ezinganeni zethu ukuthi sizinike isikhathi sethu – isikhathi sokuzilalela, ukuthi sixoxisane nazo, bese senza izinto ndawonye. Zonke lezi zinto zizenzekela ngokwemvelo nje uma sichitha ngisho isikhathi esincane nje osukwini ngalunye sixoxa futhi sifunda izindaba ndawonye. Uma sabelana ngezindaba nezingane zethu sisiza ukwandisa umhlaba wazo, futhi sakha isisekelo esiqinile sezimpilo zazo zakusasa. Kunganjani-ke utshale okuyosiza ngomuso ezinganeni zakho ngezinye zalezi zindlela?

- ☺ **Ukufunda ngolimi lwazo lwasekhaya.** Ukufunda izindaba ngolimi lwasekhaya kwenza ukuthi ukufunda kube lula futhi kuthokozeleke. Zama iqoqo lethu elikhulayo lezindaba ezingezilimi ezahlukeni zaseNingizimu Afrika ewebhusayithini kaNalibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) noma kumobhisayithi ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)).
- ☺ **Ukufunda ezikuthandayo.** Ukuze zithande ukufunda, futhi zifune ukufunda nsuku zonke, izingane zidinga ukuthi zikuthokozele lokho ezikuthandayo! Ezinye izingane kungenzeka zithande izindaba ezenzeke ngempela kanti ezinye zithanda izindaba ezingewona amaqiniso. Empeleni, ukuba nothando lokufunda izinhlobo ezithile zezincwadi kuwuphawu lokuthi ingane yakho iyakhula ekufundeni. Ngakho, ziyeke zifunde noma yini ezihlaba umxhwele!
- ☺ **Ukufunda izincwadi ezishicilelwe.** Izingane ezincane zifunda lukhulu ngezinzwa zazo. Kubaluleke kakhulu-ke ukuthi zikwazi ukuthinta nokubamba izincwadi ezishicilelwe nokuphenya amakhasi azo. Kanti vele, akukho okudlula ubumnandi bokuzihlalela nencwadi.

- ☺ **Read printed books.** Young children learn a great deal through their senses. It is therefore very important for them to have the experience of touching and holding printed books and turning their pages. After all, nothing beats the feeling of curling up together with a book.

- ☺ **Read on a cellphone.** In South Africa, forty-eight million of us use cellphones! Older children (especially teens), often enjoy reading on a cellphone. This technology means that they can read anywhere and at any time – at home, or on the way to and from school. Explore our growing mobi-library at [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

Whatever it takes, get your children reading every day and help them find material that interests them. Once you have helped them to unleash the power of reading in their lives, no one can take this magical gift away from them! Plus you'll have the satisfaction of knowing that you have invested very wisely in their futures.



- ☺ **Ukufunda kumaselula azo.** Abantu baseNingizimu Afrika abayizigidi ezingamashumi amane nesishiyagalombili basebenzisa omakhalekhukhwini! Izingane ezindadlana (ikakhulu amabhungu namatshitshi), ziyakuthokozela ukufunda komakhelekhukhwini. Loluhlobo lobuchwepheshe lusho ukuthi zingafunda noma kuphi, noma yini – ekhaya, noma endleleni yazo eya nebuya esikoleni. Hlola umtapo wethu wezincwadi okhulayo womakhalekhukhwini ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

Noma ngabe ungenza kanjani, yenza ukuthi izingane zakho zifunde nsuku zonke futhi siza ukuthi zithole ezizokufunda okuzihlaba umxhwele. Uma usuzisize ukuthi zisebenzise amandla okufunda ezimpilweni zazo, akekho umuntu ongaziphuca leso siphosi esiwumlingo! Futhi uzoba nokweneliseka kokwazi ukuthi utshale okuthile ngobuhlakani ezimpilweni zazo zangomuso.



**Drive your imagination**

**Story Power.**  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





ARE YOU SA'S FIRST  
**STORY  
BOSSO?**

NGABE  
**UYI-STORY  
BOSSO**  
SOKUQALA  
YASENINGIZIMU  
AFRIKA?



## Throughout Literacy and Heritage Month in September last year, Nal'ibali held its first multilingual storytelling competition – Story Bosso!

Story Bosso was designed as a nationwide talent search to get South Africans excited about reading and telling stories. Its message was simple – anyone can tell a story, anytime, anywhere! Through the competition Nal'ibali wanted to find undiscovered storytellers across the country and to connect South Africans with a range of local stories in South African languages. We also shared tips and ideas with everyone on how to become better storytellers.

To launch the month of storytelling, Nal'ibali held a special talent show at Motjoli Primary School in Soweto which was attended by a few celebrities – jazz and afro-pop singer, Judith Sephuma, and TV and radio personality, Penny Lebyane. Hosted by children's TV presenter, Karabo Bonco, the event started with storytelling demonstrations by professional storyteller, Nomsa Mdlalose, and Nal'ibali's Bongani Godide before the children got a chance to show their storytelling talents.

Story Bosso proved popular with people of all ages and we collected over 1 500 stories in just one month! These stories were submitted online and at over 60 pop-up Story Bosso events held at schools, shopping centres, taxi ranks, train stations, community centres and literacy festivals in seven different provinces. At these fun events members of the public showcased their talents with a public performance which was recorded. And even the audience benefitted as they receiving some of the 13 000 free books and special Story Bosso story cards we gave away.

## Ngenyanga yonke yoKwazi Ukufunda Nokubhala kanye naMagugu ngoMandulo wanyakenye, uNal'ibali wayenomncintiswano wokuqala wokuxoxa indaba ngezilimi ezahlukene – i-Story Bosso!

I-Story Bosso yayihlelwe njengomkhankaso kazwelonke wokufuna abanethalente ukuze kwenziwe abantu baseNingizimu Afrika bathatheke mayelana nokufunda nokuxoxa izindaba. Umyalelo wayo wawusobala nje – noma ubani angayixoxa indaba, noma nini, noma kuphi! Ngomncintiswano uNal'ibali wayefuna ukuthola abaxoxi bezindaba abangakaziwa ezweni lonkana kanye nokuxhumanisa abantu baseNingizimu Afrika nezinhlobo eziningi zezindaba zakuleli ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Saphinde sabelana ngamacebo nemiqondo nawo wonke umuntu okuthi singenza kanjani ukuba abaxoxi bezindaba abangcono.

Ukuze sethule inyanga yokuxoxa izindaba, uNal'ibali waba nombukiso okhethekile wamathalente eMotjoli Primary School eSoweto owawethanyelwe osaziwayo abambalwa – umculi we-jazz ne-afro-pop, uJudith Sephuma, kanye nomsakazi wakumabonakude kanye nasemsakazweni, uPenny Lebyane. Uhlelo lwaluphethwe umsakazi wezinhlalo zezingane kumabonakude, uKarabo Bonco, umcimbi waqala ngokukhonjiswa kokuxoxwa kwezindaba ngumxoxi wezindaba ongumpetha, uNomsa Mdlalose, kanye noBongani Godide wakwaNal'ibali ngaphambi kokuba izingane ziithole ithuba lokukhombisa amathalente azo okuxoxa izindaba.

I-Story Bosso yakhombisa ukuthi ithandwa kakhulu abantu bayo yonke iminyaka, futhi saqoqa izindaba ezingaphezu kwe-1 500 ngenyanga eyodwa nje! Lezi zindaba zazifakwe ngokusebenzisa insiza yekhompyutha kanye nemicimbi eyevile kuma-60 ye-Story Bosso eyaqhibuka yasingathwa ezikoleni, enxanxatheleni yezitolo, emarenki amatekisi, eziteshini zezitimela, ezikhungweni zomphakathi kanye nakumafestivali okwazi ukufunda nokubhala ezifundazweni eziyisikhombisa ezahlukene. Kule micimbi yokuzithokozisa amalungu omphakathi ahangisa ngamathalente awo ekulingiseni emphakathini, ukukhangisa okwakuqashwa. Kanti-ke namalungu omphakathi ahlomula ngokuthola ezinye zezincwadi zamahhala kanye namakhadi ezindaba akhethekile e-Story Bosso okwakuyizi-13 000.





"While we don't all need to become professional storytellers, reading and storytelling are two of the greatest tools we have to develop our children's curiosity, imagination and empathy. Stories are the building blocks of literacy and through Story Bosso we wanted to pass on the power of stories, far and wide," explained Jade Jacobsohn, Na'ibali's Managing Director.

Endorsing the drive with their own storytelling clips and assisting in the difficult judging process, were celebrity supporters ProVerb, Tebogo Ditshego, Refiloe Mpakanyane, Lebogang Mashile, Nik Rabinowitz and Zolani Mahola. The winner, seven-year-old Athandiwe Sikade from Khayelitsha in Cape Town, was treated to a surprise storytelling of her own by local author, Sindiwe Magona.



To find out more about the Story Bosso winner, read the Story Stars feature on page 4.

Athandiwe was joined by runners-up Atandiwe Makgata, and Kerrin Kokot and Jayne Batzofin who entered as a team. Both the winner and runners-up received cash prizes, vouchers from Ackermans and a home library courtesy of Exclusive Books, Bargain Books, Cambridge University Press, Jacana Media and the Save Our Seas Foundation.



Young school pupils of Motjoli Primary School in Soweto were enchanted by an afternoon of storytelling at the Story Bosso launch event.

Abafundi abasebancane baseMotjoli Primary School eSoweto bathokozela intambama yokuxoxwa kwezindaba emcimbini wokwethula i-Story Bosso.



"Noma kungadingeki ukuthi sonke sibe abaxoxi bezindaba abangochwepheshe, ukufunda kanye nokuxoxa izindaba kungamathuluzi amabili amahle kakhulu esinawo okuthuthukisa ukulangazelela ukwazi, imicabango kanye nozwelo ezinganeni zethu. Izindaba ziyizitina zokwakha ukwazi ukufunda nokubhala kanti-ke nge-Story Bosso besifuna ukudlulisela amandla ezindaba, le kude futhi ngokubanzi," kuchaza uJade Jacobsohn, uMphathi onguMqondisi kaNa'ibali.

Ababezibandakanye kulo mkhankaso befake nezabo izibonelo (ama-clip) zokuxoxa indaba futhi baphinde basize nangohlelo olulukhuni lokuhlunga abaphumelele, kwaba ngabaxhasi abangosaziwayo abangoProVerb, uTebogo Ditshego, uRefiloe Mpakanyane, uLebogang Mashile, uNik Rabinowitz noZolani Mahola. Owaphumelela, kwaba ngoneminyaka eyisikhombisa, u-Athandiwe Sikade waseKhayelitsha eKapa, owajathuliswa ngabengakulindele okuwuxoxelwa indaba yakhe ngumbhali wendawo, uSindiwe Magona.



Ukuze uthole kabanzi ngophumelele ukuba i-Story Bosso, funda ingxenye yaBavelele Ezindabeni ekhasini lesi-4.

U-Athandiwe wahlanganyela nababethole imithobanhliziyu u-Atandiwe Makgata, noKerrin Kokot kanye noJayne Batzofin ababengenele njengethimba. Owayephume phambili kanye nababethole imithobanhliziyu bathola imiklomelo engukheshe, amavawusha akwa-Ackermans kanye nomtapo wezincwadi wasekhaya ngokunikelelwa u-Exclusive Books, uBargain Books, uCambridge University Press, uJacana Media kanye neSave Our Seas Foundation.



Finalists from the Story Bosso launch event.

Abangenele owamanqamu emcimbini wokwethula i-Story Bosso.

A young pupil auditions for the Story Bosso competition with the help of Karabo Bonco.

Umfundi omncane uhlolwa ikhono emncintiswaneni we-Story Bosso esizwa nguKarabo Bonco.





# Story stars

## A storytelling star

Nal'ibali's Story Bosso 2015 winner was seven-year-old Athandiwe Sikade from Khayelitsha, Cape Town. Although her friends say she is usually quiet and shy, she is the opposite when she tells a story! We spoke to this champion storyteller to find out more about the Story Bosso competition and her love of stories.

### Where did you hear about the Story Bosso competition?

The teacher from our reading club at school told us about it. I knew right away that I wanted to enter.

### You retold the story *Umboleki* in the competition. Why did you decide to tell this story?

I loved this story when my teacher first read it to our class. The main character in the story makes every listener laugh a lot, so I wanted to go and read it myself. I enjoyed it and asked my teacher to allow me to read it to the class. The class liked my reading and my body language and I was inspired by their response! They wanted me to read this story to them over and over again and I ended up telling the story instead of reading it.

### What is the story about?

It's about a man who always wants people to give him whatever they have, but he does not ask them in a polite way. The sad part of the story is when he does not understand why all these people do not want to give him what he is asking for.

### Do you also like listening to other people tell stories?

Yes! I love listening to stories at our reading club. I love it when reading club members share-read from different storybooks and when they tell stories that they have heard at other reading clubs.

Want to listen to Athandiwe retelling the story, *Umboleki*? Find it on the Nal'ibali website: [nalibali.org/seven-year-old-crowned-sas-first-story-bosso/](http://nalibali.org/seven-year-old-crowned-sas-first-story-bosso/).

Ngabe uyafuna ukulalela u-Athandiwe exoxa kabusha indaba ethi, *Umboleki*? Yithole kusizindalwazi sakwaNal'ibali: [nalibali.org/seven-year-old-crowned-sas-first-story-bosso/](http://nalibali.org/seven-year-old-crowned-sas-first-story-bosso/).



Athandiwe with some of her Story Bosso prizes.  
U-Athandiwe neminye yemiklomelo yakhe yaku-Story Bosso.

# Abavelele ezindabeni

## Ovelele ekuxoxeni izindaba

Owaphumelele ukuba u-Story Bosso wakwaNal'ibali wezi-2015 kwaba u-Athandiwe Sikade oneminyaka eyisikhombisa ovela eKhayelitsha, eKapa. Noma abangani bakhe bethi ungumuntu ovamise ukuthula futhi onamahloni, kuyashintsha lokho uma esexoxa indaba! Saxoxisana nalo mpetha wokuxoxa izindaba ukuze sithole kabanzi ngomncintiswano we-Story Bosso kanye nothando lwakhe lwezindaba.

### Wezwa kuphi ngomncintiswano we-Story Bosso?

Nguthisha wasethimbeni lethu lokufunda lasesikoleni owasitshela ngawo. Ngavele ngazazela nje ukuthi ngifuna ukuwungenela.

### Uxoxe kabusha indaba ethi *Umboleki* emncintiswaneni. Kungani wakhetha ukuxoxa le ndaba?

Le ndaba ngayithanda lapho uthisha wami eqala ukusifundela yona eklasini lethu. Umlingiswa oqavile endabeni wenza wonke umuntu omlalele ahleke kakhulu, ngakho-ke ngangifuna ukuhamba bese ngiyozifundela mina uqobo. Ngayithokozela ngase ngicela kuthisha wami ukuthi ngiyifundele iklassi. Iklassi layithanda indlela engangifunda ngayo kanye nendlela engangilingisa ngayo ngomzimba wami kanti-ke yangikhuthaza indlela abathakasa ngayo! Babefuna ukuba ngilokhu ngibafundela le ndaba ngakho-ke ngagcina sengiyixoxa indaba esikhundleni sokuthi ngiyifunde.

### Imayelana nani indaba?

Imayelana nendoda ehlale ifuna ukuthi abantu bayinikeze noma yini abanayo, kodwa ayibaceli kahle. Ingxenywe edabukisayo yale ndaba ilapho indoda ingaqondi khona ukuthi kungani laba bantu bengafuni ukuyinika lokho ekucelayo.

### Ngabe uyakuthanda yini ukulalela abanye abantu bexoxa izindaba?

Yebo! Ngiyakuthanda ukulalela izindaba ethimbeni lethu lokufunda. Ngiyathanda uma amalungu ethimba lokufunda abelana ngokufunda ezincwadini zezindaba ezahlukenene futhi nalapho exoxa izindaba azizwe kwamanye amathimba okufunda.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune in to your favourite SABC radio station and enjoy listening to children's stories! To find out the days and times that Nal'ibali is on the radio, go to [www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).




## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela isiteshi sakho somsakazo sakwa-SABC osithandayo bese uthokozela ukulalela izindaba zezingane! Ukuze uthole izinsuku kanye nezikhathi angena ngazo emsakazweni uNal'ibali, iya ku-[www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).

## Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



## Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina!

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



“Cha, akakwenzi lokho!”  
 “Yebo, uyakwenza!”  
 “Cha, akakwenzi lokho!”  
 “Kulungile-ke, wozani siyobona uma  
 ngingikhohlewa,” kusho uNkawana.

“No, he doesn’t”  
 “Yes, he does!”  
 “No, he doesn’t”  
 “Well, come and see if you don’t believe  
 me,” said Monkey.

We believe every child  
 should own a hundred books  
 by the age of five.

Become a book-sponsor and  
 help change the world.

Get involved at  
[bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment  
 campaign to spark children's potential through  
 storytelling and reading. For more information,  
 visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela  
 ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho  
 okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda  
 izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane,  
 vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma  
 ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
 imagination

## Grandpa's gold Igolide likaMkhulu

Kerry Saadien-Raad  
 Elsabé Milandri  
 Mathilde de Blois




Abantwana bezilwane babekhuluma ngomkhulu babo.



The young animals were talking about their grandpas.



“Kanti njalo kunamazinyo anele wonke umuntu!”



So the young animals went to see Monkey’s grandpa.




Ngakho-ke abantwana bezilwane bahamba bayobona umkhulu kaNkawana.

“Well, my grandpa doesn’t build or fish or climb or cook,” said Monkey. “But he owns gold! He hides it in his mouth. And at night he soaks it in a glass of water.”

“Hhayi-ke, umkhulu wami akakwazi ukwakhona noma ukudoba noma ukugibela izintaba noma ukupheka,” kusho uNkawana. “Kodwa ungumnikazi wegolide. Ulihlala emloniyeni wakhe. Ebusuku ulicwilisela engilazini yamanzi.





"Yima! Ngingakwenza lokho! Ngingamandla ngokwanele," kusho uMnewabo Omkhulu uBob. "Nginomoya owanele. Ngingakwazi ukuphaphetha ngicime amakhandlela." Amakhandlela asolokhu ekhanye njalo. UMnewabo Omkhulu uBob ufuna ukusiza kodwa uhlele ehlatuna ushinganu. Njalo uma eqala ukuphaphetha, ufutha ibhamuza elikhulu eliphinki. UMnewabo Omkhulu uBob udonsa umoya kakhulu: Hhhhhuu! Udonisa umoya kakhulu ephaphetha... Kodwa umsindo kuphela esiwuzwayo umsindo oxakile othi hsssss-pop! Ibhamuza liqhuma ligcwalile ubuso bakhe bonke. "Uxolo, Benny, kugcwele ushinganu ebusweni bami bonke. Angikwazi ukuphaphetha kahle. Anginawo umoya wokuphaphetha owanele."

Ubani ongasiza? Ubani onomoya owanele?



"Wait! I can do it! I am tough enough," says Big Brother Bob. "I have enough puff. I can blow out the candles." The candles are still burning. Big Brother Bob wants to help, but he is always chewing bubblegum. Every time he tries to blow, he blows a pink bubble. Big Brother Bob takes a deep breath: Hhhhhuu! He huffs and he puffs and he blows... But the only sound we hear is a very funny hsssss-pop! The bubble pops all over his face. "Sorry, Benny, I have bubblegum all over my face. I can't blow well enough. I don't have enough puff." Who can help? Who has enough puff?

*Who has enough puff?* is one of three stories in *Snail Trails and Other Tales* published by Human & Rousseau (an imprint of NB Publishers), written by Pierre Coetzee and Leighton Jones. Illustrated by Shân Fischer. Available in bookstores now.

*Snail Trails and Other Tales* aims to entertain young children while teaching first concepts and developing vocabulary.

*Who has enough puff?* is about a mouse family that has to find out who has enough puff to blow out Benny's birthday candles. Children will enjoy this humorous story while getting to know all the names for the different members of a family.




Human & Rousseau



UITGEWERS  
PUBLISHERS

Also available in Afrikaans as *Sakkie Slakkie en ander stories*. Visit us at [www.facebook.com/NBJongklomp](http://www.facebook.com/NBJongklomp)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Who has enough puff?

### Ubani onomoya wokuphaphetha owanele?



Pierre Coetzee  
Leighton Jones  
Shân Fischer



“Yima! Ngingakwenza lokho! Nginamandla ngokwanele,” kusho uMlume uRalph. “Nginomoya owanele. Ngingawaphephetha ngiwacime amakhandlela.” Amakhandlela asakhanya. UMlume uRalph ufuna ukusiza, kodwa usebheke iminyaka eminingi. Njalo uma ezama ukuphephetha, uvele akhwehlele. UMlume uRalph udonsa umoya kakhulu: *Hhhhhhuu!* Udonsa umoya kakhulu ephetfumulela phezulu bese eyaphephetha... Kodwa umsindo ophumayo kuphela umsindo omfushane othi *hhaa*, kanye nothi *uhu-uhu-uhu*. “Uxolo, Benny, ngixinwe ukukhwehlela. Angikwazi ukuphephetha isikhathi eside. Anginawo umoya wukuphephetha owanele.” Ubani ongasiza? Ubani onomoya owanele?

Today is Benny’s birthday and his whole family is here to celebrate his special day with him. His mother has made a beautiful cake with three candles for Benny to blow out. The family gathers around to sing “Happy birthday, dear Benny” and to watch Benny blow out the candles.



Namhlanje usuku lokuzalwa lukaBenny kanti-ke umndeni wakhe wonke ulapha ukuzogubha naye usuku lwakhe olukhethekile. Umama wakhe wenze ikhekhe elihle kakhulu elinamakhandlela amathathu azophephethwa acinywe uBenny. Umndeni uba ndawonye ukuze ucule uthi, “Mini emnandi kuwe, Benny” kanye nokubuka uBenny lapho ephephetha ecima amakhandlela.



“Wait! I can do it! I am tough enough,” says Neighbour Josh. “I have enough puff. I can blow out the candles.” The candles are still burning. Neighbour Josh wants to help, but he is always playing his trumpet. He never puts it down. Every time he tries to blow, there is a *toot!* from his trumpet. Neighbour Josh takes a deep breath: *Hhhhhhuu!* He huffs and he puffs and he blows... But the only sound we hear is a very loud *toooooo!* “Sorry, Benny, I have to play my trumpet. I can’t blow without it. I don’t have enough puff.” Who can help? Who has enough puff?

Akekho! Akekho noyedwa; wonke umuntu ubuka ikhekhe. Kusenjalo uMama uthi, “Ukuphephetha kwabantu abayisithupha ngamunye kungenzeka ukuthi akwanele, kodwa uma sisonke sizophephetha ngamandla kakhulu.” Basondela eduze bonke badonsa umoya kakhulu, bephefumulela phezulu ndawonye. Ekugcineni uBenny adedele kancane u-*fffff*... Kwenzekani-ke? UMama wayeqinisele. Babenamandla ngokwanele uma bendawonye.







“Yima! Ngingakwenza lokho! Nginamandla ngokwanele,”  
kusho uMakhelewane uJosh. “Nginomoya owanele.  
Ngingakwazi ukuphetha ngicime amakhandlela.”  
Asakanya belu amakhandlela. UMakhelewane uJosh  
ufuna ukusiza, kodwa uhlale icilongo lakhe. Akalokothi  
alibeki phansi. Njalo uma ezama ukuphetha, kukhala  
umsindo othi *tuuti* ophuma ecilongweni lakhe.  
UMakhelewane uJosh udonsa umoya kakhulu: *Hhhhhhuu!*  
Udonsa umoya kakhulu ephfumulela phezulu bese  
ephetha ... Kodwa sizwa kuphela umsindo omkhulu othi  
*tuuuuuti!*  
“Uxolo, Benny, kumele ngidlale icilongo lami. Angikwazi  
ukuphetha ngaphandle kwalo. Anginawo umoya  
wokuphetha owanele.”  
Ubani ongasiza? Ubani onomoya owanele?

Nobody! There is no one; everybody is looking  
at the cake.  
Then suddenly Mom says, “Six single puffs  
may not be enough, but together our puffs will be  
really tough.”  
They all come closer and start to huff and  
puff together. In the end it takes Benny just a little  
*fffff* ... And what do you know? Mom was right.  
Together they are strong enough.



“Wait! I can do it! I am tough enough,” says  
Uncle Ralph. “I have enough puff. I can blow out  
the candles.”  
The candles are still burning. Uncle Ralph wants to  
help, but he has been smoking for years. Every time  
he tries to blow, he starts to cough.  
Uncle Ralph takes a deep breath: *Hhhhhhuu!* He  
huffs and he puffs and he blows ... But the only sound  
we hear is a very short *hha*, and then *uh-uh-uh*.  
“Sorry, Benny, I have a bad cough. I can’t blow long  
enough. I don’t have enough puff.”  
Who can help? Who has enough puff?

But Benny is so small. Can he blow out all three candles?  
Does he have enough puff?  
Benny takes a deep breath: *Hhhhhhuu!* He huffs and he  
puffs and he blows ... But the only sound we hear is a very  
quiet *hfffff*.  
“I’m not tough enough,” says Benny. “I don’t have  
enough puff.”  
Who can help? Who has enough puff?



Kodwa uBenny usemncane kakhulu. Ngabe uzokwazi  
ukuphetha acishe wonke womathathu amakhandlela?  
Ngabe unawo umoya wokuphetha owanele?  
UBenny udonsa umoya kakhulu: *Hhhhhhuu!* Udonsa  
umoya kakhulu ephfumulela phezulu bese eyaphetha ...  
Kodwa sizwa kuphela umsindo osholo phansi othi *hfffff*.  
“Anginamandla ngokwanele,” kusho uBenny. “Anginawo  
umoya wokuphetha owanele.”  
Ubani ongasiza? Ubani onomoya owanele?





"Yima! Ngingatkenza lokho! Nginamandla  
 ngokwanele," kusho uBaba. "Nginomoya owanele.  
 Ngingaphethe ngicime amakhandla."  
 Amakhandla asakhanya. UBaba ufuna ukusiza,  
 kodwa unomlomo otshkile. Akakwazi ukuphepha  
 umoya uqonde ngqo. Ndlalo uma ephethe, umoya  
 ushona eceleni.  
 UBaba udonsa umoya kakhulu: *Hhhhhhuu!* Udonsa  
 umoya kakhulu ephethumela phezulu bese eyaphethe  
 ... kodwa kuphuma kuphela umsindo ongqwayelekile  
*o!hi p!llllllll!*  
 "Uxolo, Benny, umlomo wami utsheke ngokwedlulele.  
 Angikwazi ukuphepha ngiqondise ngokwanele.  
 Anginawo umoya wokuphepha owanele."  
 UBani ongasiza? UBani onomoya owanele?


"Wait! I can do it! I am tough enough," says Dad. "I have enough puff. I can blow out the candles."

The candles are still burning. Dad wants to help, but he has a crooked mouth. He can't blow straight. Every time he blows, the air goes out to the side.

Dad takes a deep breath: *Hhhhhhhuu!* He huffs and he puffs and he blows ... But the only sound we hear is a very strange *ppppppppff*.

"Sorry, Benny, my mouth is too crooked. I can't blow straight enough. I don't have enough puff."

Who can help? Who  
has enough puff?



"Wait! I can do it! I am tough enough," says Grandma Molly. "I have enough puff. I can blow out the candles." The candles are still burning. Grandma Molly wants to help, but she has a bad case of hiccups. Every time she tries to blow, she starts to hiccup again.

Grandma Molly takes a deep breath: *Hhhhhhuu!* She huffs and she puffs and she blows ... But the only sound we hear is a very annoying *HIC-cup, HIC-cup!*

"Sorry, Benny, I have the hiccups. I can't blow strongly enough. I don't have enough puff."

Who can help? Who has enough puff?

“Yima! Ngingakwenza lokho! Nginamandla ngokwanele,” kusho uGogo uMolly. “Nginomoya owanele. Ngingaphephetha naicime amakhandlela.”

Asakhanya namakhandlela bantu. UGogo uMolly  
ufuna ukusiza, kodwa ubanjwe intwabi kanzima. Njalo  
uma ezama ukuphephetha, ugalwa intwabi futhi.


UGogo uMolly udonsa umfumakhu: *Hhhhhhuu!*  
Udonsa umfoka aphhefumulele phezulu bese  
ephaphetha ... Kodwa kuphuma kuphela umsindo  
odingayo othi *Hi-gi, Hi-gi!*

“Uxolo, Benny, nginentwabi. Angikwazi ukuphaphetha ngokwanele. Anginawo umoya wokuphaphetha owanele.”

Ubani ongasiza? Ubani onomoya owanele?








“You see,” said Monkey. “And he can take the gold out of his mouth.”  
 “Niyabona-ke,” kusho uNkawana.  
 “Uyakwazi ukukhupha igolide emlonyeni wakhe.”




“My grandpa can cook a feast,” said Elephant. “Once he cooked a meal for a president’s birthday party – all by himself.”  
 “Umkhulu wami ukwazi ukuphekela idli,” kusho uNdllovu. “Wake waphhekela idli lokuzalwa kukamongameli – yedwa.”

“And there are enough teeth for everyone!”



“My grandpa can build a tower to the sky,” said Giraffe. “Once he built a skyscraper for a king.”

“Umkhulu wami angakha umbhoshongo oya esibhakabhakeni,” kusho uNdlulamithi. “Wake wakhela inkosi isakhiwo esiphakeme kakhulu.”








“Umkhulu wami  
ukwazi ukugibela  
aye emafini  
esibhakabhakeni,”  
kusho uMbuziyentaba.  
“Wacaca intaba  
ephakeme ukudlula  
zonke emhlabeni,  
emahoreni  
amane nje.”

“My grandpa can climb to the clouds  
in the sky,” said Mountain Goat. “He  
climbed the tallest mountain in the world,  
in just four hours.”

“My grandpa can fish for anything in the  
sea,” said Cheetah. “Once he caught a whale  
and kept it in his bath.”

“Umkhulu wami ukwazi ukudoba noma  
yini olwandle,” kusho uNgulule. “Wake  
wabamba umkhoma wawugcina ebhavini.”



“No, he can’t!” cried the animals.  
“Cha, ngeke akwenza lokho!”  
kumemeza izilwane.



“Waaah!” said Grandpa Monkey  
as he took out his teeth!

“Waaa!” kusho uMkhulu uNkawu  
ekhipha amazinyo akhe!



## Get creative!

Here are some fun activities to grow your children's creativity and encourage them to have fun with reading and writing.

After you've read *Grandpa's gold*, challenge your children to build a skyscraper for a king just like Giraffe said his grandpa had done. (Wooden blocks and cardboard boxes of different sizes are good materials to use for this.) Can your children make their skyscraper taller than they are?



With your children, make cupcakes like the one in *Who has enough puff?* Let your children have fun decorating them in different ways. (If you don't want to make cupcakes, invite your children to draw their own decorated cupcake with candles on it to show the age they will be on their next birthday.)

Encourage your children to write a newspaper report (with a picture) about what happened in *Detective Gus, the gorilla*. You could follow this up with a pretend radio or television interview of one or more of the story's characters.

Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale umbiko wephephandaba (onesithombe) ngalokho okwenzeke endabeni ethi *Umseshi uGus, imfene*. Ungalandelisa lokhu ngokwenza sengathi kunengxoxo yasemsakazweni noma yakumabonakude emayelana nomlingiswa oyedwa noma ngaphezulu wasendabeni.



1 March is World Compliment Day. To celebrate this day, give each person in your class, reading club or home a small piece of paper and ask them to write their name on it. Now put the pieces of paper in a box. Ask everyone to close their eyes while they reach into the box and take out one piece of paper. (They should make sure that they haven't chosen the piece of paper with their name on it!) On the blank side of the piece of paper, everyone now writes one thing they appreciate about the person whose name is on the other side. (If children need help with this, let them use one of these sentence starters: *I like it when you...; I admire you because...; I like your...*) Put all the slips of paper back into the box and then spend time letting each person read out what was written about them.


Umhla lu-1 kuNdasa Usuku Lomhlaba Wonke Lokuncoma. Ukuze ugubhe lolu suku, nikeza umuntu ngamunye eklasini lakho, ethimbeni lakho lokufunda noma ekhaya iphepha elincane bese ubacela ukuthi babhale amagama abo kulo. Manje-ke faka amaphepha ebhokisini. Cela bonke abantu ukuthi bavale amehlo ngesikhathi umuntu efaka isandla ebhokisini ekhipha iphepha elilodwa. (Kumele baqinisekise ukuthi umuntu akakhethanga iphepha elinegama lakhe kulo!) Ohlangothini lwephepha olungabhalwe lutho, wonke umuntu ubhale into eyodwa ayithanda ngomuntu ogama lakhe libhalwe ngakolunye uhlangothi. (Uma izingane zidinga ukusizwa ngalokhu, zivumele ukuthi zisebenzise eminye yale misho eqala ngale ndlela: *Ngiyakuthanda uma...; Uyangichaza ngoba...; Ngithanda... kwakho.*) Buyiselani zonke lezi ziqephu zamaphepha ebhokisini bese nichitha isikhathi umuntu ngamunye efunda ukuthi kubhalweni ngaye.

Dr Seuss Day is on 2 March. Spend time on this day reading your favourite Dr Seuss books and exploring the fun and interesting Dr Seuss website: [www.seussville.com](http://www.seussville.com).

Usuku luka-Dkt Seuss lungomhla zi-2 kuNdasa. Chitha isikhathi ngalolu suku ufunda izincwadi zakho oziithandayo zika-Dkt Seuss kanye nokujula ngezinto ezithokozisayo futhi ezihlaba umxhwele kusizindalwazi sika-Dkt Seuss: [www.seussville.com](http://www.seussville.com).

World Poetry Day and Memory Day are both celebrated on 21 March – which also happens to be Human Rights' Day in South Africa! Encourage your children to write poems about human rights and/or a precious memory. If they would like to have their poems published in the Nal'ibali supplement, then email them to us at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) or post them to PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. (Remember to include their full names and age.)


Usuku Lomhlaba Wonke Lwezinkondlo kanye noSuku Lokwazi Ukukhumbula, zombili zigujiwa mhla zingama-21 kuNdasa – nokuwuSuku Lwamalungelo Abantu eNingizimu Afrika! Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale izinkondlo ezimayelana namalungelo abantu kanye/noma okuthile okuyigugu ezikukhumbulayo. Uma zingathanda ukuthi izinkondlo zazo zishicilelwe esithasiselweni sakwaNal'ibali, vele usithumelele zona ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) noma uziposele ku-PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. (Sicela ukhumbule ukufaka namagama azo agcwele kanye neminyaka yazo.)





# Detective Gus, the gorilla

By Ann Walton ★ Illustrations by Rob Foote



Gus and Gabby, two good, kind gorillas, lived in a special part of the zoo. They had a little house to sleep in, and a wooden jungle gym to play on. They also had three trees to climb.

Gus and Gabby were having lunch. They were eating cabbage and pumpkin and beans and mealies, and lots of oranges and paw-paws and apples and **bananas**. They **loved** bananas!

Suddenly a little boy's head popped up over the wall of Gus and Gabby's garden.

"Hello," he said.

"Hello," said Gus.

"Can I come down and play on that jungle gym?" he asked.

"Yes," said Gus. "Jump down into the garden, but mind the thorn bush!"

So the little boy jumped down and landed on the grass next to the gorillas.

"We have nearly finished eating our lunch, but we still have one banana left," said Gus. Even though he loved bananas more than any other food, Gus was a very kind gorilla. He held it out to the little boy.

"Would you like it?" he asked.



"Yes, please," said the little boy. He took the banana and smiled.

"Where is your mother?" asked Gus.

"She is lost," said the little boy.

"Oh. Are you also lost?" asked Gus.

"No, I'm not lost. I am here," answered the little boy.

"That is true," said Gus. "How did your mother get lost?"

"We were walking along, eating ice-creams, and when I looked up, she wasn't there," said the boy.

"I'm sure you'll find her later on. But let's play now!" said Gus, and he took the little boy's hand and lifted him up onto the top of the wooden jungle gym.

They had a wonderful afternoon together. Gus walked upside down along the wooden poles of the jungle gym, holding on with his hands and feet, and the little boy did the same. Gus caught a branch hanging over the jungle gym and swung up into a big tree. The little boy did the same. They even hooked their legs over the branches and hung upside down! Gus and the little boy played together all afternoon, until the little boy was too tired to play anymore.

"Why don't you have a rest?" said Gus.

"Okay," said the little boy. He wandered off and fell fast asleep on the clean, sweet-smelling straw bed in Gus and Gabby's little house.

"If he is lost, maybe he can stay here with us forever," said Gabby. "I would like that!"

"I would like that too," said Gus.

Just then the zookeeper arrived.

"I think I have important news for you," he said, and he handed Gus a letter. Then he left, and closed the gate behind him.

"It **must** be important news if it is a letter for Gus!" thought Gabby. "What does the letter say, Gus?" asked Gabby with her big chitty-chatty smile.

Gus climbed up onto the top of the jungle gym and opened the letter. "It's from Policeman Moloi," he said.

"Read it, read it!" said Gabby.

Gus held the letter out in front of him and read aloud to Gabby:

Dear Gus

Please help us.

Molefe is missing. He is five years old. He was walking around the zoo with his mother. They were eating ice-creams. Molefe's mother said she loved chocolate ice-cream, then she asked Molefe what his favourite ice-cream was. But Molefe didn't answer because he wasn't there!

His mom was very worried. She called, and called, "Molefe, Molefe, where are you?" But there was no answer.

Molefe's mother ran all over the zoo looking for him, but she couldn't find him. He is missing. Gone! Just like that!

Molefe's mother is crying here at the police station now, Gus. Please help us.

If you get any news about Molefe, beat your chest loudly, and we will come running.

Best wishes to you, Gus.

Your friend

Policeman Moloi

Gus was sad. "I think the little boy who is fast asleep in our house may be Molefe," he said.

"Why do you think that, Gus?" asked Gabby.

"Because he said his mother was eating an ice-cream when she got lost," said Gus. "If he is Molefe, we can't keep him. His mother is crying for him."

"She must be very sad," said Gabby. "You're right, Gus, we can't keep him."

Just then the little boy woke up and came into the garden, rubbing his eyes.

"I want my mother. Where is she?" he said.

"We will find her," said Gus. "What is your name little boy?"

"I am Molefe," said the little boy.

"I will let Policeman Moloi and your mother know that you are here," said Gus. Then he stood up straight on top of the jungle gym. He lifted his arms and drummed loudly on his great big chest.

Policeman Moloi heard the drumbeat. He ran puffing and panting to the gorillas' home. Molefe's mother heard the drumbeat and followed Policeman Moloi. She ran puffing and panting to the gorillas' home.

"There you are, Molefe!" she said. She picked him up and held him close.

"They found you, Mom!" said Molefe.

"Yes! I was lost without you, Molefe," she said. "But why are you in here with the gorillas?"

"I have been playing on the jungle gym with my friend, Gus," said Molefe.

"Oh ... goodness! Well, we must go home now, Molefe," said his mother. She looked at Gus. "Thank you for looking after Molefe and playing with him," she said.



Continued on page 16.



Drive your  
imagination



# Umseshi uGus, imfene

Ngu-Ann Walton ★ Imidwebo nguRob Foote

Ikhona  
lendaba

UGus noGabby, izimfene ezimbili, ezinomusa, babehlala engxenyeni ekhethekile yezu. Babenendlu encane abalala kuyo, kanye nejangijimu (jungle gym) yokhuni abadlala kuyo. Babenazo nezihlahla ezintathu abagibela kuzo.

UGus noGabby babedla isidlo sasemini. Babedla iklabishi, nethanga, nobhontshisi, nommbila, namawolintshi, nopopo, namahhabhula kanye **nobhanana abaningi**. Babebathanda obhanana!

Ngokushesha, kwavela ikhanda lomfanyana phezu kodonga lwengadi kaGus noGabby.

"Sanibona," kusho yena.

"Sawubona," kusho uGus.

"Ngicela ukubuza ukuthi ngabe ngingehla yini ngizodlala kuleyo jangijimu?" kubuza yena.

"Yebo," kusho uGus. "Gxumela phansi engadini, kodwa uqaphele isihlahla esinameva!"

Ngakho-ke umfana omncane wagxumela phansi wase ehlela otshanini eduze kwezimfene.

"Besesiqeda nje ukudla isidlo sethu sasemini, kodwa sisenobhanana owodwa osele," kusho uGus. Noma wayekuthanda ukudla ubhanana ukudlula konke okunye ukudla, uGus wayeyimfene enomusa. Wawunika umfanyana.

"Ngabe uyawufuna?" kubuza yena.



"Yebo, bandla." kusho umfanyana. Wathatha ubhanana wase emamatheka.

"Uphi umama wakho?" kubuza uGus.

"Ulahlekile," kusho umfanyana.

"Habe! Ngabe nawe ulahlekile?" kubuza uGus.

"Cha, angilahlekile. Ngilapha," kuphendula umfanyana.

"Kuyiqiniso lokho," kusho uGus. "Ulahleke kanjani umama wakho?"

"Besihamba, sidla u-ayisikhilimu, kwathi uma ngiphakamisa amehlo, angabe ngisambona," kusho umfana.

"Ngikholwa ukuthi ngizomthola ekuhambeni kwesikhathi. Kodwa-ke ake sidlale okwamanje!" kusho uGus. Wase ethatha isandla somfanyana, emqokula embeka phezu kujangijimu.

Bachitha intambama emnandi ndawonye. UGus wahamba ikhanda lakhe libheke phansi kumapali okhuni ejangijimu, ebambelele ngezandla kanye nezinyawo zakhe, kanti-ke nomfanyana wenza okufanayo. UGus wabamba igatsha elalilengela kujangijimu wase eshwibeka eya esihlahleni esikhulu. Umfanyana wenza njalo naye. Babebambelela nangemilenze yabo emagatsheni bese belenga amakhanda abo ebheke phansi! UGus nomfanyana badlala intambama yonke, kwaze kwaba yilapho umfanyana esekhathele ukudlala.

"Kungani ungaphumuli?" kusho uGus.

"Kulungile." kusho umfanyana. Wazumeka walala wathi zwi embhedeni ohlanzekile, wotshani onuka kamnandi endlini encane kaGus noGabby.

"Uma kuwukuthi ulahlekile, mhlawumbe angahlala nathi la unomphelo," kusho uGabby. "Ngingakuthanda lokho!"

"Ngingakuthanda nami lokho," kusho uGus.

Kusenjalo kwafika umphathi wezu.

"Ngicabanga ukuthi ngikuphathele izindaba ezibalulekile," kusho yena, wase enika uGus incwadi. Wase ehamba, wavela isango emva kwakhe.

"**Kufanele** ukuthi yizindaba ezibalulekile uma kuyincwadi kaGus!" kucabanga uGabby.

"Ithini incwadi, Gus?" kubuza uGabby emamatheke kakhulu.

UGus wagibela phezu kujangijimu wase evula incwadi. "Ivela kuPhoyisa uMoloi," kusho yena.

"Yifunde, yifunde!" kusho uGabby.

UGus wabamba incwadi phambi kwakhe wase efundela uGabby kakhulu:

## Gus Othandekayo

Sicela usisize.

UMolefe ulahlekile. Uneminyaka emi-5. Ubehamba ezulazula ezu nomama wakhe. Bebedla u-ayisikhilimu. Umama kaMolefe uthi uyawuthanda u-ayisikhilimu kashokoledi, ube esebuza uMolefe ukuthi imuphi u-ayisikhilimu awuthandayo. Kodwa uMolefe akaphendulanga, ngoba ubengasekho!

Umama wakhe ubekhathazeke kakhulu. Umemeze waphindaphinda ethi, "Molefe, Molefe, ukuphi?" Kodwa akuphendulanga muntu.

Umama kaMolefe ugijime kuyo yonke izu emfuna, kodwa akamtholanga. Ulahlekile. Unyamalele! Kanjalo nje!

Umama kaMolefe uyakhala la esiteshini samaphoyisa manje, Gus. Sicela usisize.

Uma kukhona izindaba ozitholayo ngoMolefe, ushaye isifuba sakho kakhulu, sizobe sesiza lapho sigijima.

Okumhlophe kuwe, Gus.

Umngani wakho

UPhoyisa uMoloi

UGus wayedangele. "Ngicabanga ukuthi lo mfanyana olele endlini yethu kungenzeka ukuthi unguMolefe," kusho yena.

"Yini ucabange lokho, Gus?" kubuza uGabby.

"Ngoba uthe umama wakhe ubedla u-ayisikhilimu ngesikhathi elahleka," kusho uGus. "Uma kuwukuthi unguMolefe, angeke sikwazi ukumgcina. Unina uyamkhalela."

"Kumele ukuthi udangele kakhulu," kusho uGabby. "Uqinisele, Gus, asikwazi ukumgcina."

Kusenjalo kwavuka umfanyana weza engadini ecikica amehlo akhe.

"Ngifuna umama wami. Ukuphi?" kusho yena.

"Sizomthola," kusho uGus. "Ubani igama lakho, mfanyana?"

"NginguMolefe," kusho umfanyana.

"Ngizotshela uPhoyisa uMoloi kanye nomama wakho ukuthi ulapha," kusho uGus. Wase ema eqondile phezu kwejangijimu. Waphakamisa izingalo zakhe wase eshaya kakhulu isifuba sakhe esikhulukazi.

UPhoyisa uMoloi wezwa ukukhala kwesigubhu. Wagijima ehafuzela eya endlini yemfene. Unina kaMolefe wezwa ukukhala kwesigubhu wase elandela uPhoyisa uMoloi. Wagijima ehafuzela eya emzini wezimfene.

"Ulapha, Molefe!" kusho yena. Wamphakamisa wase emgona.

"Bakutholiile, Mama!" kusho uMolefe.

"Yebo! Bekunzima empilweni yami ngaphandle kwakho, Molefe," kusho yena. "Pho yini ube lapha nezimfene?"

"Bengidlala kujangijimu nomngani wami, uGus," kusho uMolefe.

"He . . . mameshane! Hhayi-ke, kumele sigoduke manje, Molefe," kusho unina. Wabuka uGus. "Ngiyabonga ngokunakekela kwakho uMolefe kanye nokudlala kwakho naye," kusho yena.



Iqhubeka ekhasini le-16.





Molefe ran up to Gus, and the great big gorilla patted him on the head. Gabby gave him one of her big chitty-chatty smiles.

"Bye-bye," said Molefe, and off he went with his mother.

"Gus, because of you, Molefe is safe," said Policeman Moloi. "You are a great detective!"

The next day the Chief of Police and a big brass band and a camera man and a news reporter arrived at the zoo. A crowd of people followed them. The zookeeper led them all into Gus and Gabby's garden. The brass band played a tune, the camera man took pictures of Gus, and the reporter wrote a story about Gus and Molefe. The crowd of people cheered.

"Gus is a great detective," said the Chief of Police. "He once caught a famous shopping bag thief and now he has found a lost little boy. Well done, Gus!" Then the Chief of Police handed Gus a great big bunch of yellow bananas and he gave Gabby a great big bunch of pretty yellow flowers.

When they had all gone away, Gus and Gabby sat down and ate all the bananas except one. "Would you like the last banana, Gabby?" asked Gus.

"No thanks, Gus," said Gabby with a big chitty-chatty smile. "I'm eating the flowers. You are a famous detective now! You have the last banana!"

So he did.

UMolefe wagijima waya kuGus, kanti imfene enkulukazi yamumbambatha ekhanda. UGabby wambuka emamatheka kakhulu.

"Nisale kahle," kusho uMolefe, wase ehamba nonina.

"Gus, uMolefe uphephile, ngenxa yakho," kusho uPhoyisa uMoloi. "Ungumseshi omuhle!"

Ngosuku olulandelayo kwafika ezu iNhloko yamaPhoyisa kanye nebheni edlala izinsimbi zomculo kanye nomthwebuli-zithombe kanye nentatheli. Babelandelwa iqulu labantu. Umphathi wezu wabaholela engadini kaGus noGabby. Ibheni yezinsimbi zomculo yadlala umucu, umthwebuli-zithombe wathatha izithombe zikaGus, kwathi intatheli yona yabhala indaba ngoGus noMolefe. Kwachwaza izihlwale.

"UGus ungumseshi omuhle," kusho iNhloko yamaPhoyisa. "Wake wabamba nesela elidumile elalintshontsha izikhwama zokuthengiwe kanti manje usethole umfanyana obelahlekile. Usebenzile, Gus!" INhloko yamaPhoyisa yase inika uGus isixhawu esikhulu sobhanana ophuzi wase enika uGabby izimbali ezinhle eziphuzi.

Lapho sebehamba bonke, uGus noGabby bahlala phansi badla bonke obhanana kwaze kwasala owodwa. "Ngabe ungawuthanda yini ubhanana wokugcina, Gabby?" kubuza uGus.

"Cha ngiyabonga, Gus," kusho uGabby emamatheke kakhulu. "Ngidla izimbali. Usungumseshi odumile manje! Ungawudla ubhanana wokugcina!" Wenzenjalo-ke.



We will be back in the week of 10 April 2016! Can't wait until then for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) or find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA).



Visit our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)  
Vakashela isizindlwazi sethu ku- [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Sizobuya ngesonto langomhla ziye-10 kuMbasa wezi-2016! Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube yileso sikhathi ukuze uthole amanye amacebo okufunda kanye nawezindaba, amathuluzi kanye nemiqondo ehlabisa umxhwele? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) noma usithole ku-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA).